IMIYALELO KUBAFUNDI

- Leli phepha linemibuzo yezincwadi EZIMBILI.
- FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.
- HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede
- kahle ukubhala.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.
- FUNDISISA LONKE iphepha lakho uma uqeda ukubhala.

## ISIQEPHU A

**INCWADI**
**UMSHADO > N. Zulu**

1. Fundisisa izihloko ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ozobhala ngaso ungadluli emagameni ayi-190 kuya kwanga-240.

1.1 UBhekani wabona intokazi enhle esitobhini sebhasi. Lokhu kwamenza wabona ukuthi kuzofezeka isifiso sikababa wakhe owayefika kuye ngamaphupho amtshela ukuthi akashade. Bhala usho ukuthi le ntokazi ayibona iyinhle ebusweni, inomzimba omuhle kwakufanele yini ashade nayo uBhekani.

**[35]**

**NOMA**

1.2 UBhekani wayemthanda kakhulu uTholakele. Bhala uchaze ukuthi wangena kanjani enkingeni ngenxa yokungafuni ukulalela abantu nokubhekisisa izinto ezazikhombisa ukuthi akayena uTholakele lo muntu acabanga ukuthi unguye uBhekani.

**[35]**

**NOMA**

1.3 Bhala usho ukuthi laba bantu ababhalwe lapha ngenzansi yini abayenza ukuzama ukuxwayisa nokusiza uBhekani mayelana nenkinga kaTholakele.
(i) USifiso
(ii) Umalume kaBhekani
(iii) Umama kaBhekani
(iv) ULindiwe

**[35]**

IZINDABA EZIMFISHANE
IZINYEMBEZI ZOTHANDO . D.B.Z. Ntuli

2.. Fundisisa izihloko ezilandelayo bese ukhetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso amagama anga-90 kuya kwanga-240.

2..1 Kuyenzeka ukuthi abantu babonane benezinkinga zabo,kodwa bagcine sebethandana baze bashade. Bhala uxoxe ngakuthi kwenzeka kanjani lokho endabeni ethi, "USihawu nesihawu".

NOMA

[35]

2..2 Le nto okuthiwa ama-pen pals ingumdlalo abawuthandayo abanye abantu ngoba bezidlalela nje befuna abangani. Xoxa ukuthi endabeni ethi, "Lapho kukhona uthando" kwenzekani kuSebenzile no-Ben.

NOMA [35]

2..3 Uthando lungakwenza wenze into obungeke uyenze uma ungekho kulona kanti usungena enkingeni enkulu. Endabeni ethi, "Ingoduso" yini eyenzeka efakazela lokho.

[35]

***ISAMBA 70***